



18 ku-Ncwaba 2023

iSIMANGALISO WETLAND PARK SIBUNGAZA UKWENZA KAHLE



iSimangaliso sithole umbiko ongenagcobho (clean audit opinion) ngokusho kukamcwaningi mabhuku waseNingizimu Afrika. Sekuphele iminyaka eyisikhombisa iSimangaliso sagcina ukuthola lo mbiko, lokhu kuza ngemuva kokuthi kube nezinguquko zangaphakathi ezenziwe ubuholi obukhona.

Izindaba zokuthola umbiko ongenagcobho zifike zaqondana nokuthi iSimangaliso sasihlele umjikelezo wezinsuku ezinhlanu lapho ubuholi beSimangaliso Wetland Park Authority kanye namalungu amasha ebhodi bevakashela iPaki. Amalungu amasha ebhodi athola ithuba lokwazi kangcono ipaki, izindawo ezingamagu zepaki, ubuhle bemvelo, ukuthuthukiswa kwengqalasizinda yepaki kanye nokuthuthukisa imiphakathi njalo njalo. Kuwumsebenzi weSimangaliso ukuthi sihlomulise imiphakathi eyakhelene nepaki ngokuthi kube namaphrekthi kanye nezinye izinhlelo ezizuzisa imiphakathi.

iSimangaliso sesiqeqeshe osomabhizinisi abancane abangaphezu kwamakhulu amabili namashumi amahlanu, labo somabhizinisi badale amathuba emisebenzi angaphezu kwenkulungwane namakhulu

amane emiphakathini, lokho kwenza inzozo yezigidi ngezigidi ezingaphezu kweshumi. Ukwengeza kulokhu, inhlango iphinde yalekelela abafundi abangamashumi amane nesikhombisa ohlelweni lokulekelela abafundi. Abangamashumi amabili nanye kulabo bafundi sebegogodile kuziqu zabo ezikhungweni ezahlukene, abane baqashwe iSimangaliso ohlelweni olwaziwa ngokuthi yi-Groen Sebenza program, abahlanu baqashwe izinkampani ezahlukene kanti abayisithupha bayaqhubeka nezifundo zabo kwiqhuzu lwe-postgraduate studies. iSimangaliso Wetland Park siphakathi kukaMaspala wesifunda uMkhanyakude, lesifunda saziwa ngokuba nobuphofu kanye nendlala enkulu. Ubuholi bePaki benza ngakho konke okusemandleni ukwenza amaphrojekthi ahlose ukuhlomulisa imiphakathi kanye nokuxosha ikati eziko emiphakathini eyakhele isifunda uMkhanyakude.



Izindaba ezimnandi, uNgqogqoshe womnyango Wezamahlathi, Ukudoba kanye Nemvelo uNks Barbara Creecy uphinde waqoka uMnu. Sibusiso Bukhosini njengomphathi omkhulu (CEO) weSimangaliso Wetland Park Authority. Ehlandleni lakhe lokuqala, uMnu. Bukhosini wasebenza ngokuzikhandla kanti nemisebenzi yakhe ibonakele. Kutholakale umbiko ongenagcobho ngaphansi kobuholi bakhe.

Enkulumeni yakhe, uMnu. Bukhosini wazwakalisa ukujabula okukhulu ngalokhu okuzuzwe inhlango. Waveza ukuthi, "Bekungelula ukuzuza umbiko ongenagcobho, kodwa ngokusebenza kanzima kanye nokuthumela konke obekudingwa ngumcwaningi mabhuku kube sekuphetha ngokuthi kuvele ukuthi senze konke esasikade sithe sizokwenza. Ngaphezu kokuthola umbiko ongenagcobho, iSimangaliso siphinde sathola amaphesenti ayikhulu (100%) kwi-Annual Performance Plan, ukuthola la maphefenti sekwenzeke iminyaka emithathu ilandelana manje. Umuntu usengaqala abone manje ukuthi le nqola iyahamba futhi ihamba ngesivinini esikhulu kakhulu, njengoba ngangishilo ngenkathi ngithatha lesi sikhundla".

Leli tafula elilandelayo likhombisa inani lamalunga emiphakathi ahломule eSimangaliso kumaphrojecthi anziwe kusuka uMphathi omkhulu weSimangaliso angena kwihlandla lokuqala ngonyaka ka-2019.

STATS ON SMMEs & JOB OPPORTUNITIES CREATED FOR THE IMPOVERISHED						
Item #	Project Name	#SMMEs	# of Jobs	# of Youth	# of Women	# of Disable
1	Park Construction Projects	38	304	165	148	0
2	EPWP	99	1588	611	869	47
3	Working for Programmes Guards	5	194	95	33	0
3	Environmental Monitors	N/A	130	117	58	1
4	Infrastructure Maintenance	31	402	265	213	0
5	Presidential Stimulus	19	608	386	314	0
6	Fence Maintenance	59	637	43	52	0
7	Wild Ocean Yes Programme	N/A	132	132	57	0
8	People & Parks Youth Champs	N/A	168	168	107	5
9	Tourism Monitors	N/A	170	170	114	1
10	Groen Sebenza	N/A	200	166	128	3
11	Municipality Cleaning & Greening	3	300	166	128	3
Total		311	4733	2484 (52%)	2221 (46%)	60 (1,27%)

Ibhodi elisha lihalalisele ubuholi beSimangaliso, laphinda lazwakalisa ukujabulela ukuba ingxene ye nenhlangano eyenza kahle kanjena. Labe selikhipha inselelo yokuthi ubuholi buhlezi benza iSimangaliso sihamba phambili. iSimangaliso indawo egcina amagugu omhlaba edumile lapho ukulondolozwa kwemvelo, ezokuvakasha ezinozindo kanye nokwabelana ngenzudo kugcinwa khona.

-lyaphela-

Isitatinende sikhishwe iSimangaliso Wetland Park Authority

Abezindaba bengaxhumana no:

MLO: Mr Bheki Manzini

Call/Whatsap: 060 533 2082

Email: bhekimanzini@isimangaliso.com